

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

20/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Palmarum / Lesundu, ngomhla ka 29. 03. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuJoh. 3:14b-15, lithi: "Kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo abe nokuphila okuphakade."

1. Iculo 76

2. Umkhuleko: Nkosi Msindisi wethu. Wena ongena emizini yethu nasezimpilweni zethu ulethe ukukhanya. Sikhanyisele ngoMoya oNgcwele wakho, sizwe amazwi akho sondliwe ngawo. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuIsaya 50:4-9;
Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 2:5-11;
Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Marku 14:3-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 89

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 12:12-19, lithi: "Ngangomuso abantu abaningi abafiké emkhosini sebezwele ukuthi uJesu uyeza eJerusalema, bathatha amahlamvu esundu, baphuma ukumhlangabeza. Bamemeza bathi: Hosiyana! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi, yebo, iNkosi kaIsrayeli. UJesu esefumene imbongolo entsha wakhwela kuyo njengokulotshiwe ukuthi: Ungesabi, ndodakazi yaseSiyoni; bheka, iNkosi yakho iza, ikhwele etholeni lembongolo. Lokho abafundi bakhe abakuqondanga ekuqaleni; kodwa esekhazimulisiwe uJesu, base bekhumbula ukuthi kulotshiwe lokho ngaye nokuthi babekwenzile lokho kuye. Ngakho safakaza isixuku esasinaye, lapho ebiza uLazaru aphume ethuneni, emvusa kwabafileyo. Ngenxa yalokho isixuku saya samhlangabeza, ngokuba sase sizwile ukuthi wayesenzile lesosibonakaliso. Ngakho abaFarisi bakhuluma bodwa, bathi: Niyabona ukuthi anisizi-lutho; bheka, izwe lonke liyamlandela." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo beNkosi yethu uJesu Kristu! IsiVumo sabaPhostoli siyisonga ngokufishane impilo kaJesu nomsebenzi wakhe. Naso esaseNikheya asisho okuningi. Zombili zithi qaphu qaphu ngokuhlushwa nokufa kwakhe. Ingabe lezi ezinye izindaba ngoJesu azibalulekile yini ukuba zifakwe emazwini esiVumo na? Wahamba phezu kwamanzi, waphulukisa abaxhwalile nabagulayo, wavusa nabafileyo, wenza okuningi okumangalisayo. Nalekho kubalulekile!

Yebo, kwizivumo zombili lezi sizwa izindaba ezibalulekile, kakhulu ngoJesu. Yizindaba ezikhomba ukuzalwa kwakhe zikhombise abantu ukuthi yena ungubani, yena onguNkulunkulu uqobo. Zikhomba nokuthi uze ukubenzelani abantu abasemhlabeni, ngokuhlushwa nangokubafela, abuye avuke ekufeni.

ISonto leSundu-ke, ingabe lingelani na? Lisikhombisa ini? Masilalele inhloko yesixuku saseJerusalema: "Ubusesiwe ozayo egameni leNkosi!" Uza evela-phi na? Uza ethathathiwe nguMoya oNgcwele wazalwa nguMariya iNtombi. Yilapho la evela khona. Wezelani-na? Weza ezohlushwa ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, abethelwe, afe, aze embelwe. Yingalokho efikile.

"Ubusesiwe ozayo egameni leNkosi!" Abantu abathile kulesosixuku babesazi isimangaliso sokuvuswa kukaLazaru ekufeni, beqhubeka nokufakaza ngaleyondaba (bheka isahluko 11). Baya ukumhlangabeza uJesu esengena eJerusalema ngoba bezwile ngaleso simangaliso ayesenzile.

Endulo, amahlamvu esundu ayeluphawu lokunqoba, enikezwa izingqwele: emidlalweni, empini njalo njalo. Nalesisixuku sabantu samemukela ngendlela efanayo uJesu ngamahlamvu esundu ngoba enqobe ukufa. Wayenqobe ukufa kukaLazaru wamvusa ekufeni futhi nabantu babekhona mhla ekwenza lokho (bheka ku 17-18). Yingakho seabememeza bemdumisa (bheka ku13), kungathi bathi: "wavusa uLazaru efile, sisize nathi, Nkosi!" Sebeyamdumisa ngokuvuma ukuthi ungumnqobi wokufa onamandla okuvusa abafileyo babuye baphile. Bayamdumisa ngokuthi "iNkosi kaIsrayeli."

NgaleliSonto leSundu abantu bathi: Hosiyana! Sisindise, Nkosi!" Kodwa, ekupheleni kweviki abantu bathi: "Wasindisa abanye; makazisindise yena, uma enguKristu okhethiweyo kaNkulunkulu" (Luk 23:35). NoPilatu, eyibona leNkosi esindisayo, kodwa wathi: "Pho-ke, ngimenze-njani lo enithi uyinkosi yabaJuda na? (Mark 15:12). Ebabuza ukuthi wenze bubi buni, bavimbanisa ngokuthi: makabethelwe.

Isixuku esimamkelayo eJerusalema sathi: "uyiNkosi kaIsrayeli." Kamuva, uPilatu waphikisana nabapristi abakhulu babaJuda bethi akayona leNkosi (Joh 19:21).

Kungaba khona okushaya amanzi okona indumiso yokulindela uJesu. Lapho isixuku simemukela uJesu engena eJerusalema, kwakungenzeka ukuba sifune uJesu abe yinkosi ngokwasemhlabeni. Yena ovuse umuntu kwabafileyo, nakanjani ufanele ukukwazi ukuchitha umbuso wamaRoma! Kungenzeka kwabamamukelayo kube khona abamfuna eyisikhulu ngokombusazwe – ngokwesikhundla ongavuselela ngaso umbuso kaIsrayeli.

UJesu, nokho, wayengafikelanga ukuchitha umbuso wamaRoma (ayegqilaza uIsrayeli). Wayezochitha umbuso kaSathane – ezochoboza ikhanda likaSathane. Weza ukuzosindisa thina bantu, sonke ekulahlekeni nokulahlwa kwethu. Weza ukuzoba ngumnikelo nenkokhelo

yokusikhipha ezonweni, ekufeni, nasemandleni kaSathane. Wanikela ngegazi lakhe elinqabileyo, nangokuhlushwa nokufa kwakhe engenacala. Wafuna ukuba sibe ngabakhe, sihlale phansi kwakhe embusweni wakhe, simkhonze ngokulunga okungapheliyo, njengalokhu yena avuswa ekufeni, ebusa ingunaphakade. Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi!

Isixuku seza ukumemukela ngamagatsha esundu ngoba enqobile wazuza udumo ehlula ukufa. Nokho, ingabe babelindele ukuthi yena ngokwakhe afe? Babelindele yini ukuthi uyakunqoba ukufa, hhayi okomuntu munye uLazaru nje, kodwa okwabantu jikelele! Babelindele yini ukuthi uyakunqoba ngokuzinikela, ngokuzithoba, ngokulalela uYise, nangokuzithoba phambi kwabahluphi bakhe na? Babelindele yini ukuthi uyonqoba ngokuqiniseka elinyazwa, ngokopha igazi, nangobuthakathaka bomzimba wakhe? Yiyo yini lindlela ababelindele ukuthi azuze ngayo umqhele? Aphi amahlamvu esundu kulokho na? Baphi labo abamendlalela lamahlamvu uma yena esethwala yedwa unqamlezo? Lapho ekhuphukela eGolgotha, aphi amahlamvu nabawaphetheyo na? Aphi lawo mahlamvu nabawaphetheyo lapho uJesu esenikezela ngomphefumulo wakhe, esengeniswa elibeni, baphi?

Lokhu akwenzela uLazaru unamandla okusenzela nathi. Uyabeka ukuphila kwakhe emcengeni/engozini abuye akukhulule futhi. Uthe yena: "NginguMalusi omuhle. Umalusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu" Joh 10:11; bheka naku17-18).

Yingakho sisho sithi: "Hosiyana! Sisindise, Nkosi, njengoba uqonde ekufeni okufanele thina abantu! Jesu, usikhumbule lapho usufike embusweni wakho! Sisindise njengoba wethula izwe izono zalo!

Sithi: "Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi!" Ubusisiwe uJesu onqobe ukufa kukaLazaru, nowanqoba okwakhe ukufa! Ubusisiwe owathathathwa nguMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya iNtombi. Ubusisiwe owahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu. Ubusisiwe oweza ukuzobethelwa, ukuzosifela, nokwembelwa.

Sithi kuye: Wena "uyinkosi kaIsrayeli!" UyiNkosi yamakhosi, nomkhulu kunabakhulu bonke – uyiNkosi yethu ethwele umqhele wameva, wembethe ingubo yobukhosi eyigazi lakho, ungumuntu uqobo njengathi. UyiNkosi yomhlaba wonke; ngokuphuma komphefumulo wakho izwe lembatha ubumnyama, ngokuvuka kwakho ilanga lakhanya mhlaba wonke! Igazi namanzi kwaphuma ohlangothini lwakho ukuba sigezwe futhi siqiniseke emBhapatishweni ongcwele nasesiDlweni esingcwele.

ISonto leSundu lisibizela ekutheni simemukele uJesu onqobe ukufa. Siyasondela esiDlweni sakhe esiNgcwele ngayo lenhliziyo elangazelela ukuza kwakhe. Lapho sidla siphuza siyasho njalo sithi: "Hosiyana! Ubusisiwe ozayo egameni lenkosi." Nguye ozayo nowathembisa ukuba khona njalo lapho ababili noma abathathu behlangene egameni lakhe. Seginakho ukunqoba

izono nokufa ngamandla omzimba negazi lakhe esiDlweni esiNgcwele. Sesiyaqiniswa ukuze sihambe endleleni yakhe khona manje, kuze kuyoba phakade. Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi.

Sesiyabheka emuva emsebenzini wakhe omangalisayo, siphinde sibheke phambili kulona awenzayo njalo uJesu umsebenzi. Silindela ukwamukeliswa nguye isiDlo, siyalangazela ukuya kwakhe nathi ebandleni labangcwele elabuthwa nguye emandulo. Sihlanganyela sonke kanye nalo ngokwemukela uJesu ngokukholwa uma eza kithina. Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi. Hosiyana kweliphezulu. Amen.

9. Umkhuleko: Nkosi Jesu Kristu, yiza wena oyiNkosi yethu. Wena owahlushwa phansi kukaPilatu, wafa wembelwa. Hosiyana! Sisindise, Nkosi. Yiza kithi, njengokwethembisa kwakho, uphethe ezandleni zakho ukuphila, usondle sonke ngomzimba wakho oNgcwele nangegazi lakho elinenani elikhulu. Hosiyana kweliphezulu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 326

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-M. N. Mntambo.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.